# INKANTOLO IQINISEKISILE UKUTHI UKUBUYISA AMAFOMU ENTELA ANGELONA IQINISO ANGAKUBIZELA IZINHLAWULO ZOKUSINGATHA NOKUSHUSHISELWA UBUGEBENGU

**Tshwane, 10 kuMfumfu 2023 –** UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS), uMnu. Edward Kieswetter usamukele isinqumo seNkantolo Ephakeme Yokudluliswa Kwamacala (i-SCA) sokuchitha nezindleko isicelo sokudlulisa icala likaMnu. Ketsise Motloung Nabanye. Inkantolo ithole ukuthi ayikho indlela yokuthi livune yena leli cala.

Udaba lwaqala lwalethwa enkantolo emva kokuba uSARS uphethe ucwaningomabhuku lwebhizinisi, olwathola ukuthi abafaki zicelo bathumela ngenhloso amafomu entela angenalo inani kuzo zombili izintela ezibhaliswe kwaSARS okuyiNtelantengo (i-VAT) andkanye neNtelangeniso Yezinkampani (i-CIT), ngenkathi babeqhubeka nohwebo futhi bengenisa imali futhi bengena ezindlekweni.

Isinqumo se-SCA ngakho-ke seseka isinqumo saphambilini seNkantolo Ephakeme esasivuna uSARS, okuqinisekisa isinqumo seNkantolo Yesifunda mayelana necala lokugwema intela ngenhloso.

Ngenkathi kwenziwa uphenyo ngalolu daba, uSARS wathola ukuthi ulwazi oluthunyelwe umkhokhintela belungelona iqiniso. USARS uqhubekile waziza umfakisicelo ngalokhu okutholile emva kwalokho wakhipha isaziso sezinhlawulo zokusingathwa kwentela. Umfakisicelo wesibili uyemukele imiphumela kanye nezinhlawulo akwaziswe uSARS kodwa waphikisana nokuthi icala liyishushiselwa ubugebengu. Abakhokhintela bami ngelokuthi lokhu kuzosho ukuthi bashaywa ngemfe iphindiwe nokuthi lokhu okuhlinzekelwa uMthetho Wokusingathwa Kwentela akuhambisani nomthethosisekelo ngokuvumela abakhokhintela ukuba bathweswe amacala kabili, okungamacala okusingatha nawobugebengu ngecala elilodwa. Inkantolo ithole ukuthi leli cala liyicala elingekho yabe isivuna uSARS okwathi emva kwalokho abafakisicelo baya ku-SCA.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter usincomile isinqumo senkantolo kulolu daba. “Abakhokhintela abaningi basebenzisa ngendlela engeyiyo uhlelo ngokuthumela amafomu angenalo inani noma bathumele angeyiwo, bebe bevala lokhu okuyikho okwenziwa yibhizinisi. Isinqumo esikhishwe yizinkantolo siqinisekise ukuthi ukwenza lokhu ngenhloso akukona nje kuphela ukuthi kuyicala, kodwa kuwubugebengu” Lo mphumela weseka uphenyo olwenziwa ngokucophelela kwenziwa uSARS ephenya ukugwema intela okwenziwa abakhokhintela nokuthi yenze okuyikho ukubiza inhlawulo yokuveza okungaphansi kwalokhu okufanele ngokuphula umthetho nokugcina kuholela ekudluliselweni ekushushisweni ngezenzo zobugebengu esikhwameni semali yombuso. USARS uzoqhubeka ulandelele labo abaqhubekayo nokungathobeli imithetho yentela. Lokhu kuzokwenziwa ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukubandlulula.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane nabakwaSARS ku-SARSMedia@sars.gov.za